# BEKA UVO LWAKHO

### Isimemo somphakathi sokwenza izethulo

### ISichibiyelo SoMthethosivivinywa WoMlawuli KaZwelonke WeNunzi [B25B-2023] (ISIG-75)

IKomidi LoMkhandlu KaZwelonke WeziFundazwe elibhekele EzeziNguquko ZezoMhlaba, EzeMvelo, ImiThombo YeziMbiwa NezaMandla limema abanentshisekelo nababambe iqhaza ukuthi bathumele izethulo ezibhalwe phansi mayelana neSichibiyelo SoMthethosivivinywa WoMlawuli KaZwelonke WeNunzi [B25B-2023] (ISIG-75).

Ukuchibiyela uMthetho WoMlawuli KaZwelonke WeNunzi, we-1999, ukuze kufakwe izincazelo ezithile esikhundleni sezinye kanye nokuthi kwengezwe izincazelo ezintsha; ukuze kugunyazwe uMlawuli ukuthi enze imisebenzi yokulawula engeziwe; ukuze kuhlinzekelwe ukuhlanzwa, ukuyekwa kokusetshenziswa kanye nokuvalwa kokusebenza kwezikhungo zomkhosi wokuvikela kuzwelonke, amathuluzi, imishini kanye nezinsalela ezisetshenziswa umphakathi; ukuze kuhlinzekelwe izindleko ezihlobene nokuhlunyeleliswa okuphephile noma ukungasasetshenziswa kwezikhungo ukuze kuhlinzekelwe amandla angeziwe wabahloli; ukuze kuhlinzekelwe izinhlawulo eziphathelene nezokuphatha; ukuze kuhlinzekelwe ukusungulwa kweRejista KaZwelonke YoMthamo; ukuze kuhlinzekelwe isizinda semininingwane yezisebenzi ezisabalalisa inunzi esikuzwelonke; kanye nokuthi kuhlinzekelwe izindaba ezixhumene nalokho.

Imibuzo, kanye nezethulo ezibhalwe phansi, zingaqondiswa kuMnu Asgar A Bawa, Select Committee on Land Reform, Environment, Mineral Resources and Energy nge-imeyili ku-NationalNuclearRegulatorAmendmentBill@parliament.gov.za

Usuku lokuvalwa kwezethulo lungoLwesithathu, mhlazi-24 kuMbasa (ku-Ephreli) wezi-2024.

Amakhophi alo Mthethosivivinywa angatholakala kuMnu A A Bawa kule nombolo yeSelula 083 709 8530 noma kuwebhusayithi yePhalamende ethi-www.parliament.gov.za.

